Isifundo 9

**Ncwaba 19-25*

Ubizo LukaPawulu Umalusi

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda:
Gal. 4:12-20, 1 Kor. 11:1, Filipi 3:17, 1 Kor. 9:19-23, 2 Kor. 4:7-12.

Indimana Yekhanda:
"Yibani njengami, ngokuba nami nginjengani; bazalwane" (Galathiya 4:12).

Njengoba sibonile kuze kube manje, uPawulu wayengananazi uma ekhuluma nabaseGalathiya. Amazwi akhe ashubile kodwa ayebonakalisa ukushisekela kwakhe okuphefumulelwe mayelana nempilo yakwamoya yebandla ayelisungulile. Ngaphandle kwezihloko zezenkolo ezibalulekile uPawulu ayebhekene nazo, incwadi yabaseGalathiya ibuye itshengise ukubaluleka kwemfundiso okuyiyona yona. Ukuba lokhu esikholelwa kukho bekungabalulekile kangako, pho uPawulu kulencwadi wayezoshisekelelani kangaka, engafuni nokuthi benzelele? Iqiniso kodwa ukuthi, lokhu esikholelwa kukho kubaluleke kakhulu, kakhulukazi mayelana nalo lonke udaba lwevangeli.

KwabaseGalathiya 4:12-20 uPawulu uqhubeka nenkulumo yakhe, nakube eseqhamuka ngenye indlela kancane. UPawulu wenze amaphuzu amaningi ajulile ngezenkolo etshengisa abaseGalathiya amaphutha abo, manje-ke wenza ubizo lwakhe mathupha njengomalusi. Ngokungefani nabefundisi bamanga ababengenandaba ngokwenzeka kwabaseGalathiya, uPawulu utshengisa ukunaka kwangempela, ukukhathazeka, ithemba, nothando lomalusi olungileyo ngomhlambi wakhe ophambukayo. Wayengalungisi imfundiso kuphela; wayefuna nokusebenzela labo abathandayo.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNcwaba 26.*

Inhliziyo kaPawulu

Funda kwabaseGalathiya 4:12-20. Yini ingqikithi yesigijimi sikaPawulu kulezindimana na?

Inkomba yokuqala yomthwalo osenhliziyweni kaPawulu ubizo lwakhe kundimana 12. Lolubizo lulandela eduze-nje ngemuva kokuthi uPawulu egcizelele ukuthi abaseGalathiya babe "njengaye." Ukubaluleka kwegama elithi "Ngiyanincenga" noma "ngiyaninxusa", ngeshwa akuveli kahle kwezinye izihumusho. Olimini lwesiGriki kuthiwa deomai. Nakuba lingahunyushwa ngokuthi "ukunxusa" noma "ukunxenxa", igama lesiGriki litshengisa ukukhathazeka okukhudlwana (bheka ku 2 Korinte 5:20, 8:4, 10:2). Eqinisweni uPawulu uthi: "Ngiyanincenga!" Ukukhathazeka kukaPawulu kwakungesikho nje okwemibono ehlukene yezimfundiso. Inhliziyo yakhe yayiyinye nezimpilo zabantu ababeze kuKrestu ngenxa yokusebenza kwakhe. Wayezithatha njengongaphezu komngane nje; wayenguyise wabo ngokwasenkolweni, bona bengabantwana bakhe. Kodwa nangaphezu kwalokho, uPawulu ufanisa ukukhathazeleka kwakhe abaseGalathiya nokukhathazeka nexhala lomuntu wesifazane obelethayo (Gal. 4:19). UPawulu wayecabange ukuthi "umsebenzi" wakhe wangaphambili wawanele ukuze "bazalwe ngokuphephile" uma esehlela ibandla. Kodwa njengoba manje abaseGalathiya sebededile eqinisweni, uPawulu wayesefikelwa yimihelo okwesibili ukuze abatholele ukuphepha.

Yimuphi umgomo ayenawo engqondweni ngabaseGalathiya na? Wayefuna ukubona mphumela muni ngakho konke "ukusebenza" kwakhe ngenxa yabo na? (Gal. 4:19).

Eseqale ngokuchaza abaseGalathiya njengabasesizalweni, uPawulu manje usekhuluma ngabo sengathi bangomama abakhulelwe nabo. Igama elihunyushwe ngokuthi "ukubunjwa" lalisetshenziswa odokotela uma besho ukukhula kombungu esizalweni. Ngalomfanekiso uPawulu uchaza ukuthi kusho ukuthini ukuba umKrestu, komuntu ngamunye nanjengebandla. Ukuba umlandeli kaKrestu kungaphezu kokuvuma ngomlomo ukuthi uyakholwa; kubandakanya inguquko ephelele, umuntu afane noKrestu. UPawulu "wayengabhekile izichibiyelo ezimbalwa nje kwabaseGalathiya, kodwa wayelindele inguquko yokuthi ukubona bona kufane nokubona uKrestu."—Leon Morris, *Galatians* (Downers Grove, Ill.: InterVarsity Press, 1996, ikhasi 142.

Sesike sabonakaliswa ngaziphi izindlela isimilo sikaKrestu empilweni yakho na? Yikuphi lapho usadinga khona ukukhula na?

Inselele Yokuba

Funda ku 1 Korinte 11:1; Filipi 3:17; 2 Thesalonika 3:7-9; neZenzo 26:28, 29. Yini eshiwo uPawulu lapho ebonakalayo nakwabaseGalathiya 4:12? Silizwa kanjani leliphuzu na?

Kaningi kuzo zonke izincwadi zikaPawulu, ukhuthaza amaKrestu ukuba alingise ukuziphatha kwakhe. Kwisimo ngasinye, uPawulu uzibonakalisa njengalowo oyisibonelo esinegunya esifanele ukulandelwa abazalwane. Ku 2 Thesalonika 3:7-9, uPawulu uzibonakalisa njengesibonelo kubazalwane eThesalonika ukuba basebenze ukuze bakwazi ukuziphilisa, bangabi umthwalo kwabanye. Ku 1 Korinte 11:1, uPawulu unxusa abaseKorinte ukuba bamulingise ngokucabanga ngenhlalakahle yabanye kuqala kuneyabo. Ukukhathazeka kukaPawulu kwabaseGalathiya kubonakala kwehlukile kancane. KwabaseGalathiya 4:12, uPawulu akasho ukuthi abaseGalathiya abamlingise; esikhundleni salokho, uthi "abafane" naye—ukhuluma "ngokuba" hhayi ukungathekisa. Ngani na? Inkinga eGalathiya kwakungekona ukuziphatha kabi noma indlela yokuphila engahambisani nokukholwa, njengoba kwakunjalo ebandleni laseKorinte. Udaba lwaseGalathiya lwalugxile kuyona ingqikithi yobuKrestu uqobo. Kwaku "ukuba" "kunokwenza." UPawulu lwayengasho ukuthi enzani njengami, kodwa ibani yilokho engiyikho. Okuyiwona magama akwabaseGalathiya 4:12 ayabonakala ekunxuseni kukaPawulu uHerod Agrippa II kuZenzo 26:29, lapho uPawulu ebhala ethi: "Bengingafisa kuNkulunkulu ukuba, noma kukancane noma kukakhulu, kungabi uwena wedwa kodwa bonke abangizwayo namuhla babe njengami, ngaphandle kwalezi zibopho." Ngamanye amazwi, uPawulu ubhekise emaveni akhe njengomKrestu, isisekelo esimi phezu kukaKrestu kuphela, ukukholwa okwethembela kulokho uKrestu amenzele kona, hhayi emisebenzini yakhe yomthetho. AbaseGalathiya babegcizelela imisebenzi yabo ngaphezu kokuba munye noKrestu. Nakuba engasho ngokuphandle ukuthi ufuna abaseGalathiya bafane naye kanjani, isimo sabaseGalathiya sitshengisa ukuthi kwakungewona amazwi abandakanya imikhakha ngaminye yempilo yakhe. Ngenxa yokuthi ukukhathazeka kwakhe kwaku inkolo yabaseGalathiya egxile emthethweni, uPawulu nakanjani wayecabanga ngothando olumangalisayo, intokozo, inkululeko, kanye nesiqiniseko sokusindiswa ayekuthole kuJesu Krestu. Ngenxa yesimangaliso esikhulu sikaKrestu, uPawulu wayesefunde ukuthatha yonke enye into njengezibi (Filipi 3:5-9)—futhi wayelangazela ukuthi abaseGalathiya nabo babe namava anjalo.

Ukhona yini umuntu omaziyo (ngaphandle kukaJesu) oyisibonelo esihle kuwena? Uma ekhona, ziyini izimpawu zalowo muntu ombona eyisibonelo esihle, futhi ungazibonakalisa kanjani lezo zimpawu kweyakho impilo na?

Nginjengani

Funda ku 1 Korinte 9:19-23. Yini eshiwo uPawulu kulezindimana engasisiza siqonde kangcono akushoyo enxenyeni yokugcina kwabaseGalathiya 4:12? (Bheka neZenzo 17:16-34, 1 Kor. 8:8-13, Gal. 2:11-14.)

AbaseGalathiya 4:12 bangakudida kancane. Kudingeke ngani ukuthi abaseGalathiya babe njengoPawulu, kanti vele usefana nabo? Njengoba sibonile esifundweni sayizolo, uPawulu wayefuna bafane naye ngokukholwa okuphelele futhi bathembe uKrestu ngosindiso. Ukusho kwakhe ukuthi usefana nabo kwakuyindlela yokubakhumbuza ukuthi yize wayengumJuda, usephenduke owezizwe "ngaphandle komthetho" ukuze afinyelele kwabezizwe abaphakathi kwabo nevangeli. Njengomvangeli omkhulu kwabezizwe, uPawulu wayefundile ukushumayela ivangeli kumaJuda nakwabezizwe. Eqinisweni , ngokubhalwe ku 1 Korinte 9:19-23, nakuba ivangeli lifana, indlela kaPawulu yayishintsha-shintsha, kuye ngohlobo lwabantu azama ukufinyelela kubona. "UPawulu wayenguvulandlela walokhu esikubiza namhlanje ngokuthi ukukhulumela phezu kwesimo esithile (contextualizaiton), isidingo sokushumayela ivangeli ngendlela yokuthi lifinyelela kuyo yonke impilo yalabo bantu okubhekiswe kubona."—Timothy George, *The New American Commentary: Galatians* (Nashville, Tenn.: Broadman & Holman Publishers, 1994), ikhasi 321. Amazwi akhe uPawulu uqobo ku 1 Korinte 9:21 atshengisa ukuthi wayekholwa ukuthi kunemingcele ekuthini umuntu angahamba ibanga elingakanani ekufakeni ivangeli kuleso simo ngqo. Isibonelo ukuthi, nakuba umuntu ekhululekile ukushumayela ngezindlela ezehlukene kumaJuda nakwabezizwe, lenkululeko ayibandakanyi ilungelo lokuphila impilo engenamthetho, ngoba amaKrestu "aphansi komthetho kaKrestu." Nakuba ukubeka ivangeli kwisimo esithile ngqo kungesiyo into elula, "uma-nje sikwazi ukwehlukanisa ingqikithi yevangeli nendlela yabantu yokuphila, ukubeka isigijimi sikaKrestu phakathi kwesimo esithile ngqo ngaphandle kokusinciphisa noma ukusisheba, nathi asibe abalingisa uPawulu."—Timothy Georg, *Galatians*, amakhasi 321, 322.

Kulula ukusheba iqiniso, akunjalo na? Ngesinye isikhathi uma umuntu esengumKrestu isikhathi eside, kulapho kuba lula khona kakhulu ukusheba. Yini indaba? Zibheke wena ngokwethembeka. Kungakanani ukusheba osekunyonyobe kwangena empilweni yakho, futhi uyithalalise kanjani leyonto? Ungakuguqula kanjani lokhu lapho kudingeke ukuthi ukuguqule khona?

Isikhathi Sakudala Nesamanje

Ubudlelwane bukaPawulu nabazalwane baseGalathiya kwakungelukhuni futhi kwakungabandi njengoba sebunjalo manje. Empeleni, uma uPawulu ecabanga ngesikhathi aqala ngaso ukushumayela ivangeli eGalathiya, ukhuluma kamnandi ngendlela abamphatha ngayo. Kwase kwenzekani?

Yisiphi isigameko okubonakala sengathi saholela ekuthini uPawulu enze isinqumo sokushumayela ivangeli eGalathiya na? Gal. 4:13.

Kubonakala sengathi kwakukade kungeyona injongo kaPawulu ukushumayela ivangeli eGalathiya. Kodwa wahlaselwa yisifo esithile ohambweni lwakhe, okwamphoqa ukuba enze okukodwa phakathi kokuhlala eGalathiya isikhathi eside kunaleso kunalokho ayekade ekulindele, noma athathe uhambo oluya eGalathiya ukuyokwelashwa. Akuqondakali ukuthi wayeguliswa yini uPawulu. Abanye bacabanga ukuth wayengenwe umalaleveva; abanye (bethathela emazwini akhe ukuthi abaseGalathiya babezimisele ukukhipha awabo amehlo bamnike wona) bathi mhlawumbe kwakuyisifo samehlo. Ukugula kwakhe futhi kwakungenzeka kuxhumane "neva enyameni" akhuluma ngalo ku 2 Korinte 12:7-9. Noma ngabe wayeguliswa yini uPawulu, uyasitshela ukuthi kwakungemnandi, kangoba kwaba yisivivinyo kwabaseGalathiya. Phakathi kwabantu ababebuka ukugula njengesibonakaliso sentukuthelo kaNkulunkulu (Johane 9:1, 2; Luka 13:1-4), ukugula kukaPawulu kwakungenza abaseGalathiye bangamamukeli uPawulu nesigijimi sakhe. Kodwa bamamukela ngezinhliziyo ezivulekile. Ngani na? Ngenxa yokuthi izinhliziyo zabo zazifudunyezwe intshumayelo yakhe ngesiphambano (Gal. 3:1) kanye nokusebenza kukaMoya oNgcwele. Manje ke, sizathu sini abengaba naso sokushintsha umbono wabo na?

Kungase kwakuyini izizathu zikaNkulunkulu zokuvumela uPawulu ukuba ahlupheke na? Wayengashumayela kanjani kwabanye uPawulu kanti naye usemshikashikeni wezakhe izinkinga? Roma 8:28, 2 Korinte 4:7-12, 12:7-10.

Noma ngabe sasiyini isifo sikaPawulu, ngokuqinisekile sasisibi, futhi wayengaba nesizathu sokusola uNkulunkulu ngalokho, noma avele ayeke ukushumayela ivangeli. UPawulu akakwenzanga kokubili lokhu. Esikhundleni sokuvumela isimo sakhe simkhathaze, uPawulu wasisebenzisa ukuze athembele kakhulu emseni kaNkulunkulu. "Izikhathi ngezikhathi, uNkulunkulu usebenzisa izinhlupheko zasemhlabeni==ukugula, ukushushiswa, ububha, izinhlekelele, nosizi olungechazwe—njengamathuba okubonakalisa umusa waKhe nesihawu saKhe, njengendlela yokuqhubekisela phambili ivangeli."—Timothy George, *Galatians*, amakhasi 323, 324.

Ungavumela kanjani izilingo zakho nokuhlupheka zikwenze uncike kakhulu eNkosini na? (Yini enye ongayikhetha?)

Ukukhuluma Iqiniso

Funda kwabaseGalathiya 4:16. Ukhuluma maphi amazwi anohlonze lapha uPawulu? Bewungakuzwa kanjani okufana nalokhu kweyakho impilo? (Bheka noJohane 3:19; Mathewu 26:54, 65; Jer. 36:17-23.)

Amazwi athi "ukukuluma iqiniso" avame ukuhambisana nomqondo ongemuhle, kakhulukazi kulemihla yethu lapho engabonwa njengamazwi alukhuni okubeka into njengoba injalo, kuhlutshwe udlubu ekhasini noma ngabe leloqiniso libuhlungu kanjani noma alithandeki kanjani. Ukuba kwakungenxa yamazwi kaPawulu kwabaseGalathiya 4:12-20, kanye namanye atholakala kuyo yonke lencwadi yakhe (bheka amaGalathiya 6:9, 10), umuntu wayengacabanga ukuthi ukunaka kukaPawulu iqiniso kwakwedlula ukubonakalisa kwakhe uthando. Kodwa, njengoba sesibonile, yize uPawulu wayenomthwalo wokuthi abaseGalathiya badinga ukwazi "iqiniso levangeli" (bheka kuGal. 2:5, 14), lowo mthwalo wawubangelwa ukubathanda kwakhe. Ubani ongakaze abuzwe ubuhlungu bokuthethisa umuntu, noma ukumtshela amaqiniso angathandeki kuyena noma kungasizathu sini? Siyakwenza lokho ngoba siyamthanda lowo muntu, hhayi ngoba sifuna ukumzwisa ubuhlungu, yize ngesinye isikhathi umphumela wangaleso sikhathi kungaba ukukhubeka kwalowo muntu noma intukuthelo nokucasuka. Kodwa siyamtshela noma kunjalo, ngoba siyazi ukuthi yinto adinga ukuyizwa leyo noma yena engafuni kangakanani ukukuzwa lokho.

KwabaseGalathiya 4:17-20, uthini uPawulu ngalabo aphikisana nabo? Ngaphandle kwemfundiso yabo, yini futhi ayiphonsela inselele?

Ngokungefani nokukhuluma obala kukaPawulu ngevangeli, okuyinto eyayingase imbangele ulaka lwabaseGalathiya, izimbangi zakhe zazilokhu zinxenxa ukuthandwa abaseGalathiya, hhayi ngenxa yothando ezazinalo ngabaseGalathiya, kodwa ngezinjongo zabo zobugovu. Akucaci kahle ukuthi uqondeni uPawulu uma ethi "bafuna ukunivalela ngaphandle," yize lokhu kungase kusho umzamo wokubavalela amalungelo evangeli baze basokwe kuqala.

Cabanga ngesikhathi lapho amazwi akho noma ayeyiqiniso futhi edingeka, kodwa athukuthelisa muntu mumbe. Wafundani kulokho okungakusiza esikhathini esizayo uma kudingeke ukuthi wenze okufanayo?

Ukujula Nomcabango:

"Emabandleni aseGalathiya, izimfundiso zamanga, ezisobala nezingafihlekile, zase zithatha isikhundla sesigijimi sevangeli. UKrestu, isisekelo seqiniso sokukholwa kwakufana nokuthi usedeliwe, kwakhethwa imikhosi yasendulo yobuJuda. Umphostoli wabona ukuthi uma abazalwane baseGalathiya bezosindiswa kulomthelela oyingozi obanyonyobelayo, kuyodingeka kuthathwe izinyathelo eziqinile, banikwe nezixwayiso ezibukhali. "Isifundo esibalulekile esidingwa yibo bonke abasebenzela uKrestu ukuthi benze umsebenzi wabo ufaneleke kuleso simo sabantu abazama ukubasiza. Ubumnene, ukubekezela, ukwenza izinqumo, nokumela iqiniso, yizo zonke izinto ezidingekayo; kodwa azisetshenziswe ngokuqaphela okufanelekile. Ukusebenza ngokuhlakanipha nemiqondo eyehlukene, phansi kwezimo ezehlukene, umsebenzi odinga ubuhlakani nokuqonda okukhanyiselwe uMoya kaNkulunkulu…. "UPawulu wancenga labo ababeke bawazi amandla kaNkulunkulu ezimpilweni zabo ukuba babuyele othandweni lwabo lokuqala lweqiniso levangeli. Ngobugagu obungephikiswe, wabeka phambi kwabo ilungelo lokuba abesilisa nabesifazane abakhululekile kuKrestu, okuthi ngomusa waKhe wokuthethelela, bonke abazinikela ngokuphelele bembathiswa ingubo yokulunga kwaKhe. Wema phezu kokuthi bonke abafuna ukusindiswa badinga ulwazi oluqinisekile ngezinto zikaNkulunkulu. "Amazwi ajulile omphostoli ancengayo awabanga yize. UMoya oNgcwele wasebenza ngamandla amakhulu, kwaze kwathi abaningi ababephambukile endleleni, babuyela ekukholweni kwabo evangelini kwangaphambili. Kusukela lapho, baqina enkululekweni uKrestu ayebakhulule ngayo."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, amakhasi 385, 386, 388.

Imibuzo Yokuxoxisana:

• Gxila odabeni lokuhlupheka nendlela uNkulunkulu angakusebenzisa ngayo. Senze njani phansi kwezimo lapho kungekho lutho oluhle oluvela ekuhluphekeni?

• Zindla ngomcabango wokwakheka kukaKrestu ngaphakathi kwethu. Kusho ukuthini lokhu ngendlela ephathekayo? Singazi kanjani ukuthi iyenzeka kithina lento? Sizigcina kanjani singapheli amandla uma kungenzeki masinyane njengoba thina sisuke silendele?

Ngokufingqiwe:

Esekhulume kabanzi ngezimfundiso zenkolo, uPawulu wenza ukunxusa okunentshisekelo kwabaseGalathiya. Ubanxusa ukuba balalele iziyalo zakhe, ebakhumbuza ngobudlelwane obuhle abake baba nabo naye kanye nothando lweqiniso nomthwalo anawo ngabo njengomzali wabo enkolweni.

Notes